# Umbango womzila ukhiphe izidumbu

## AbeSantaco bathi sebehlele umhlangano ukuze bathole isixazululo

SKHOSIPHI MTHEMBU

SIMANZONZO isimo eNewcastle, emuva kokuba kwasuka esinamathambo ngoLwesine kutholene phezulu abashayeli bososeshini ababili, bakule ndawo, iMadadeni Taxi Association neBambanani Taxi Association, kubangwa umzila.

Kubikwa ukuthi kulesi sigameko kwashona abashayeli ababili okunguCharles Mataki noNjabulo Shezi.

Akucaci ukuthi yini inkinga, kodwa **ILANGA** lihabule ukuthi indaba iqale ngesikhathi onogada abaqashwe yiMadadeni, bevimba izimoto ebezithwele abantu ziyodlula ngasendaweni okuthiwa yiseJV, engaphansi komzila waseMadadeni.

AbaseBambanani kuthiwa baya erenki yaseMadadeni, batshela osomatekisi bakhona ukuthi ngoba bayabavimba ukuba badlule e-JV, nabo bazowavimba amatekisi aqhamuka eVryheid nakwezinye izindawo, adlule emzileni wabo.

Kuthiwa kube sekuhlanganwa kwavunyelwana ukuthi amatekisi angaphansi kweMadadeni, mawangabe esama endaweni okuthiwa yisePlaza, kodwa ame KwaMlangeni, besekuthi aweBambanani alayishe ukusuke ePlaza athululele kulawa azobe elayisha KwaMlangeni.

Umthombo we**LANGA** uthi indaba isuke ngesikhathi izimoto zaseBambanani seziyothulula KwaMlangeni, zajikijelwa ngamantshe.

“Kubizwe omunye umhlangano kuyokhulunywa lolu daba, okuthe kusalindiwe kwaqhamuka abashayeli beMadadeni sebehamba nonogada babo, kwaqala ukudubula. Kugcine kudubuleka abashayeli ababili, bashona,” kusho umthombo.

**ILANGA** lithole ukuthi le mpi igcine isingenwa nangabashayeli abahamba ngezimoto ezincane ezithutha umphakathi ezibizwa ngamaphela. Bona kuthiwa bebeseka abaseBambanani, kwazise nabo basuka oSizweni.



SIMANZONZO isimo phakathi kweMadadeni Taxi Association neBambanani Taxi Association ngenxa yomzila.

Ngeledlule kuke kwasabalala izithombemnyakazo (*videos*) ezinkundleni zokuxhumana, kubonakala iqulu labantu lijikijela itekisi ngamatshe. Kwesinye isithombemnyakazo naso esisabalele ezinkundleni zokuxhumana, sikhombisa inqwaba yabantu ibaleka bese kuzwakaka ukuqhuma kwesibhamu siphindelela.

USihlalo weBambanani Taxi Association, uMnu Khumalo (ongathandanga negama lakhe), uvumile ukuthi kukhona ukuhilizisana okube khona, wathi ngoLwesihlanu bazamile ukuhlangana, kwabakhona abangaphumeleli. Uthe ukhona umhlangano onamuhla lapho kuzoxoxwa khona ngalolu daba.

Imizamo yokuthola abeMadadeni Taxi Association iphuzile njengoba ucingo lokuthiwa ungusihlalo wakhona, belukhala kodwa lungaphendulwa.

UMnu Shali Mahlaba ongusihlalo weSouth African National Taxi Council (Santaco) esifundeni iMajuba, uthe bawutholile umbiko ngalesi sigameko kanti kunomhlangano ogcine ungaphumelelanga obuhlelwe ukuba ube ngoMgqibelo, obekuhloswe ngawo ukuxazulula lolu daba.

“Sihlele ukuba sihlangane namuhla ngoMsombuluko ukuze luzodingidwa lolu daba, sithole nesixazululo. Esisakuzwile nje wukuthi indaba iphakathi kweMadadeni Taxi Association neBambanani Taxi Association,” kusho yena.

Okhulumela amaphoyisa KwaZulu-Natal, uCol Thembeka Mbhele, uthe amaphoyisa aphenya amacala amabili okubulala.

skhom@ilanganews.co.za
www.ilanganews.co.za

The University of Zululand officially opened its doors in 1960 and it has two campuses, namely the KwaDlangezwa Campus and the Richards Bay Campus.

**First-year and undergraduate registrations for both campuses will be online and off-campus in 2022. This will take place from**

**Monday, 31 January – Friday, 04 January**

For detailed information, please log in at **www.unizulu.ac.za** or like our Facebook page **University of Zululand** or visit the registration website **Home - Registration | University of Zululand | South Africa (unizulu.ac.za).**

- **FIRST-TIME STUDENTS FOR FACULTIES WILL BE REGISTERING FROM 31 JANUARY – 04 FEBRUARY**
- **RETURNING STUDENTS REGISTRATION FROM 07 – 11 FEBRUARY**

UNIVERSITY OF ZULULAND

ZR214660-220P

**KWADLANGEZWA & RICHARDS BAY CAMPUS – ONLINE AND OFF-CAMPUS**

| ORDER OF REGISTRATION | DATE |
|---|---|
| Faculty of Arts | 31 January – 04 February |
| Faculty of Education | 31 January – 04 February |
| Faculty of Commerce, Administration & Law | 31 January – 04 February |
| Faculty of Science, Agriculture & Engineering | 31 January – 04 February |

**RETURNING STUDENTS ALL FACULTIES : 07 – 11 February 2022 – ONLINE AND OFF-CAMPUS**

| ORDER OF REGISTRATION | DATE |
|---|---|
| Faculty of Arts | 07 – 11 February |
| Faculty of Education | 07 – 11 February |
| Faculty of Commerce, Administration & Law | 07 – 11 February |
| Faculty of Science, Agriculture & Engineering | 07 – 11 February |



- University First-year Orientation : **07 – 11 February 2022**
- Lectures start on Monday, 14 February
- Registration documents: Matric results, ID copy, proof of postal & residential address, international students needs study permit
- Documents should be uploaded online via the university's iEnabler system. To access the system, kindly click on the following link: https://jasper.unizulu.ac.za/pls/prodi41/w99pkg.mi_main_menu

**For enquiries, kindly contact the Call Centre on 035 902 6030**

**The university's bank account details are:**
**Account Name: University of Zululand**
**Bank: Absa Bank**
**Branch Code: 334130**
**Account Number: 1880000051**

BE FRAUD ALERT